



Isizwe sichithwa yi-Covid 19

IsiZulu



Notozi Mgobozi

Isizwe sichithwa yi-Covid 19

Ibhalwe ngu Notozi Mgobozi
Kufanekiselwa ngu Heidel Dedekind



Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

U-Sizwe uneminyaka eyisishiyagalombili.
Ufunda esikoleni samabanga aphansi
iPhaphama e-East London.

Wazwakalisa imizwa yakhe kunina
nakubangane bakhe nge-Covid 19.

Sekuqala itemu entsha futhi uSizwe uyesaba
ukubuyela esikoleni ngemva kweholidi elide.



Lokhu kungenxa yokuthi wazi abafundi abathathu ababengenwe yileli gciwane.

Wacela imvume kunina ukuthi akayi esikoleni ngalowo Msombuluko ngoba uphethwe yisisu futhi akafuni ukufa, wanqaba umama wakhe.

Wazama wonke amaqinga, kodwa unina akazange anyakaze. Wavuka ngolaka, wageza, waqhoka, wathatha isikhwama sakhe sesikole ngolaka.

Wabe eseya esikoleni efake isifonyo ebusweni. Lapho efika esikoleni, wabona ukutshintsha kwesimo nendlela izinto ezenziwa ngayo.

Wabe esengena ulayini ngaphandle kwesango lesikole esamangele.



Wabuza abanye abafudi ngoshintsho.
Bamtshela ukuthi bazobuzwa imibuzo ngempilo
yabo bese bethathwe izinga lokushisa.

Lapho sekuyithuba lakhe, uthisha wathatha
izinga lokushisa lakhe wabe esefutha izandla
zakhe ezivulekile ngesibulali-magciwane.

Wabe eseqondiswa ekilasini lakhe.

Nalapho, wahlangana nento exakile lapho ontanga yakhe beqhelelane ngemitha elilodwa nengxenye begqoke izifonyo.

Uthisha wachaza ukuthi izinto zizokwenziwa kanjani kusukela manje kanye nezinguquko ezizosebenza ngesikhathi sokudla.

Ukuphuma kwesikole wagoduka engajabule neze futhi esabela impilo yake ikakhulukazi njengoba kuningi ayekuhlelele ngempilo yakhe.

Lapho efika ekhaya, watshela umama wakhe iqiniso mayelana nokuthi wayengafuni ukuya esikoleni ekuseni. Kodwa-ke kwakufanele aye esikoleni nsuku zonke ngaphandle kwezaba.

Wethuka lapho etshelwa ukuthi isikole sizovalwa ngenxa yabafundi abangenwe yilesi sifo kanye nokufa kwabanye othisha. Lesi sinqumo sathathwa ukuze kuphephiswe abafundi ekuthelelekeni.

Ngakho-ke izikole zavalwa isikhashana ukuze kuvunyelwe isikhathi sokufuthwa kanye nokuhlazwa okujulile ngezihlanzi ezinamandla ezingabulala leli gciwane.



Lesi simemezelo sandisa ukwesaba kubafundi kanye nakothisha.

Esinye isimemezelo esakhishwa ngesokuthi, bonke othisha abaneminyaka engamashumi ayisithupha kuya phezulu mabasebenzele emakhaya ngoba bangatheleleka kalula.

Abantu bafa, abantu bethuka, laba ababethelelekile kwadingenka bazihlukanise izinsuku eziyishumi nane.

Kwaba nokusabalala kwezindaba ngalo bhubhane kuwo wonke amaphephandaba, imisakazo nezinkundla zokuxhumana. Lezi zindaba zinikeze izibalo zokufa, izifo kanye nalabo abasinda kuleli gciwane.

U-Sizwe washaywa uvalo wangabe esafuna nokuphumela ngaphandle komuzi wakubo, wazitshela ukuthi unegciwane.

Umongameli wezwe wenze izimemezelo eziningi mayelana nesimo sezwe, lokhu kwaholela ekutheni abantu besabele izimpilo zabo.



Ngelinye ilanga, uSizwe ebuya esikoleni watshela umama wakhe ukuthi batshelwe ukuthi bazoya esikoleni kulandelwa uhlelo ngokwebanga labo. Uthe isikole sithe lokhu kwenzelwa isiqiniseko sokuthi kuzoba nokuqhelelana ngendlela efanele ukuze kugwemeke izifo kubafundi.

Kubabaze uSizwe, "Awu mama! Angicabangi ukuthi ngizophasa kulo nyaka, bengizithembisile ukuthi ngizofunda ibanga lesine ngonyaka ozaya. Ngifisa sengathi ngabe lo bhuhane ungaba yinto yesikhathi esedlule."

Unina wamhlalisa phansi, wamqinisekisa ukuthi yonke into empilweni inesikhathi sayo, ngakho-ke, kumele balinde izinto zilunge ukuze bazi ukuthi isikole sizothatha ziphi izinqumo ukuya phambili.

U-Sizwe walahla ithemba emncane. Izikole zavulwa zavalwa ngenxa yezizathu ezahlukene.

Ngesinye isikhathi abafundi kwakudingeka bangayi esikoleni inyanga eyodwa noma ezimbili, lokhu kwakubenza bangajabule neze.





Omunye wabazali uthe kumele sithandaze ngalesi simo ngoba izinto ziya ngokubheda.

Uthisha wabakhuthaza wathi, “Konke lokhu kuzodlula, masihlale sithembekile, abafundi kumele baqinise kakhulu emsebenzini wabo wesikole ekhaya nasesikoleni. Silindele impela ukuphela konyaka ukuze sibone ukuthi kuzokwenzekani ngonyaka ozayo. Lona umlando ongenakulibaleka kuwo wonke umuntu.”

Sizokwabelana nabanye abafundi ngale gciwane eminyakeni ezayo mayelana nokuthi ukufunda kwaphazamiseka kanjani nokuthi umhlaba wonke wafakwa kanjani ngaphansi kwengcindezi enkulu.

“Kunento eyodwa kodwa engibangela uvalo, ukushiswa kwezikole. Angazi noma isikole sethu sizonqoba lezi zimo,” kusho uSizwe.

“Okubi nakakhulu ukuthi uthisha wethu uvele wasibuza ukuthi sifuna ukuba yini, kamuva ekuphileni. Ngamtshela ukuthi ngifuna ukuba udokotela wezilwane ngoba ngithanda izilwane.”

Abanye abafundi abasafuni ukubuyela esikoleni, manje ngiyazibuza ukuthi bazozifeza kanjani izinhloso zabo ekubeni bengafuni ukufunda.



Izikole zagcina zivulwe emuva kwekhefu elide.
Abazali babizelwa emhlanganweni lapho
bedingitha khona indlela eya phambili.

Uthishanhloko utshele abazali ukuthi bonke
othisha nabafundi abangenwe yilesi sifo,
sebeluleme.

Ngakho-ke, abazali akumele bakhathazeke
ngokuphepha kwezingane zabo, ikakhulukazi
uma belandela imthetho yezokuphepha.

Nothisha kumele balandele imithetho yezokuphepha e-staff room ukuze bagweme ukuthelelana.

Lalela ukuthi bathini ngokuphazamiseka kwabafundi ngesikhathi sokufunda. Abafundi bebekhononda bodwa ngisaphakathi nokufundisa.

“U-Sipho akakhwehleri ezandleni zakhe.”
Kumemeza umcebisi.



Ngithi ngisathi ngiyaphendula, amemeze uNomonde, "Thisha, uSihle akagqokile isifonyo sakhe, ulokhu ethimula."

Kwadingeka ngiyeke isifundo sami futhi ngibhekane nesimo.


Ukukhathazeka kukaSizwe ngesikole kuyakhula. Uphelelwa ubuthongo ngenxa yamaphupho amabi ngalo bhubhane.

Umama wakhe naye ukhathazekile ngoba uyabona ukuthi uyahlupheka futhi uyesaba.

Uthishanhloko wenza konke okusemandleni ukwehlisa ukuphatheka kabi phakathi kothisha nabafundi.

U-Sizwe wacela unina ukuba amsize abhale inkondlo ebilokhu isengqondweni yakhe.

Bathatha izinsuku bebhala lenkondlo baze bayiqeda. Wabe eseyisa le nkondlo eskoleni lapho acela khona uthisha ukuthi ayifundele ikilasi lonke.



Ngiyesaba

Ngiyesaba
Umama naye uyesaba
Nothisha wami uyesaba

Sizwile ngalo bhubhane olubulalayo
emsakazweni
Sikubone kumabonakude
Nokufunda ngalo ephephandabeni
Siphinde sizwe abantu bekhuluma ngalo
emiphakathini yethu
Lesi! Yisifo esibulalayo futhi ngiyesaba






Ngesaba ukuvakashela abangani bami
Ngesaba ukudlala nabangani bami
Ngiyasaba ukuya esikoleni
Ngisaba nokuya edolobheni
Ngisaba ukulwela amalungelo ami
Ngisaba nokwabelana ngemibono yami




Angikwazi nokubuka umdlalo
engiwuthandayo
Isidalwa sonke siphila ngokwesaba
Yingakho ngiba nalolu valo





Lolu bhubhane lungiphuce injabulo yami
Lolu bhubhane lungiphuce amalungelo ami
Lolu bhubhane luthathe impilo
yabangane bami
Lolubhubhane seluthathe izimpilo
zabazali nezingane
Ngisabela impilo yami

Ngigeza izandla zami njalo ngensipho namanzi
Ngithatha zonke izinyathelo ezinconyiwe
Ngihlala ngisigqokile isifonyo sami
Ngiyayisaba i-Covid 19
Hamba Covid Hamba





Ngifuna impilo yami ibuye
Ngithandazela inkululeko yezingane
Kulesi sikhathi esisabekayo nokungathenjwa
Ngiyethemba ukuthi iNkosi
ingukuphepha kwami
Ngiyesaba, Ngiyesaba

Siyethemba ukuthi kuzoba khona ikhambi
Odokotela bazothola ikhambi
Lolu bhubhane luzophela
Sizophinde sijabule



UKUBONGA

Ibhalwe ngu

Notozi Mgobozi

Kufanekiselwa ngu

Heidel Dedekind

Mhleli 1

Ntombikayise Njadayi

Mhleli 2

Nelisa Mviko

Mhleli 3

Nopasika Xapa

Umklami

PixelPing Design

Umhumushi

Samkelisiwe Nyathi

Umqinisekisi Wekhwalthi

Patricia Siweya



ISBN 978-0-638-00811-1



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

